# Ukuthuthuka njengoThishela OnjengoKristu—Ukuzihlola Komuntu Siqu

Singothishela, kumele sihlezi sihlola amandla nobuthakathaka bethu ukuze sizokwazi ukusiza abafundi bakhe ukholo kuJesu Kristu futhi babe njeNgaye. Nakhu ongakwenza okulandelayo okungakusiza usebenzise imigomo yokufundisa okunjengokukaKristu. Ake ucabange ngalemisho engezansi ukuthi ngabe ikuchaza kanjani wena njengothishela. Khetha impendulo okuyiyo yomusho ngamunye: (1) akuvamile (2) kwesinye sikhathi (3) kuvamile, (4) cishe ngaso sonke isikhathi.

Emva kwalokho, ngokuholwa uMoya, ngomkhuleko khetha izinto ezimbalwa ongathanda ukuzithuthukisa. Zibekele imigomo, futhi usebenzise lamasu ukuzisiza uthuthuke.

## Gxila kuJesu Kristu

__ Ngifundisa ngoJesu Kristu noma ngabe yini engiyifundisayo.

__ Ngigcizelela isibonelo sikaJesu Kristu.

__ Ngisiza abafundi balubone uthando, amandla, nomusa weNkosi, ezimpilweni zabo.

__ Ngisiza abafundi baqinise ubudlelwane babo noBaba oseZulwini noJesu Kristu.

__ Ngisiza abafundi ukuba baphokophele ukulwela ukuba njengoJesu Kristu.

## Bathande Labo Obafundisayo

__ Ngilwela ukubuka abafundi ngendlela uNkulunkulu ababuka ngayo.

__ Ngifuna ukubazi labo engibafundisayo—ukuqonda izimo, izidingo kanye namandla abo.

__ Ngiyabakhulekela abafundi ngibabize ngamagama.

__ Ngenza indawo ephephile lapho bonke behlonishwa futhi bazi ukuthi siyakwazisa ukuphawula kwabo.

__ Ngithola izindlela ezifanele zokukhombisa uthando lwami.

## Fundisa ngosizo lukaMoya

__ Ngiyazilungiselela ngokomoya ukuze ngifundise.

__ Ngisabela ngokushesha uma ngizwa intshisekelo yangokomoya mayelana nezidingo zabafundi.

__ Ngakha indawo namathuba ukuba abafundi bafundiswe nguMoya oNgcwele.

__ Ngisiza abafundi basifune, basibone futhi benze okuthile ngesambulo somuntu siqu.

__ Ngihlezi ngifakaza, futhi ngikhuthaza abafundi ukuba babelane ngemizwa, abadlula kukho, kanye nangobufakazi babo.

## Fundisa IMfundiso

__ Ngizifundela imfundiso kaJesu Kristu ngokwami.

__ Ngifundisa okusuka emibhalweni engcwele nasemazwini abaphrofethi banamuhla.

__ Ngisiza abafundi bawafune, bawabone futhi bawaqonde amaqiniso asemibhalweni engcwele.

__ Ngigxila emaqinisweni aholela ekuguqukeni futhi akhe ukholo kuJesu Kristu.

__ Ngisiza abafundi bathole ukuthi imfundiso kaJesu Kristu iphathelene nabo siqu.

## Mema Ukufunda Ngenkuthalo

__ Ngisiza abafundi ukuba bazifundele bona ngokwabo.

__ Ngikhuthaza abafundi ukuba bamazi uMsindisi ngokulifunda ivangeli nsuku zonke.

__ Ngimema abafundi ukuba balungiselele ukufunda.

__ Ngikhuthaza abafundi ukuba babelane ngamaqiniso abawafundayo.

__ Ngimema abafundi ukuba bakuphile lokho abakufundayo.